

QIniseka ukuthi uthola ungqo we FC2



Uma usunqume ukusebenzisa ikhondomu yabesifazane, qikelela ukuthi i FC2 ngempela. I FC2 isezeneni eliphezulu elibekwe izinhlangano zomhlaba zezempi lo i WHO (World Health Organization) kanye ne FDA (US Food and Drug Administration). Ungabona ngephaketho ikhondomu yabesifazane i FC2 ukuthi ungqo we FC2, uma kukhona / kubonakala okukodwa kwalemifanekiso elandelayo:

-  FC2
- FC2
- The Female Health Company (FHC)

www.fc2femalecondom.com | info@fc2femalecondom.com

f @FemaleCondomFC2
t @FC2FemaleCondom
y FC2FemaleCondom

Ikhondomu yabesifazane i FC2 yenza i inkampani i Female Health Company.
Chicago USA/London UK/Malaysia



I FC2 ikhondomu yabesifazane Yocansi oluphephile noluthokozisayo

I FC2 ikhondomu yabesifazane ivikela:

- ukukhulelwa okungahleliwe
- izifo zocansi (STIs), kanye ne HIV

Ngabe uhlela ukukhulelwa? Noma ufunu ukulinda ngaphambi kokuthola umntwana olandelayo? I FC2 ikhondomu yabesifazane indlela yohlelomndeni ephephile nethokozisayo. Ivikela nezifo zocansi futhi, kanye ne HIV.



Iyini Ikhondomu yabesifazane (FC2)?

Ikhondomu yabesifazane yensiwe ngendwangu ethambile, eshelelayo. Kulula ukuyifaka esithweni sowesifazane. I FC2 ine ring yangaphakathi ne ring yangaphandle ezibamba ikhondomu ihlale kahle, inamathele endaweni ngesikhathi socansi. I FC2 ilingana khaxa. Inamathele ngaphakathi esithweni sowesifazane ivumele ukukhululeka kowesilisa ngaphakathi. Amafutha ayo enza ucansi luzwakale njengolwemvelo.

Iyathokozisa

Abesifazane nabesilisa bayaluthokozela ucansi ngekhondomu yabesifazane, i FC2.

I FC2 inobuhle obuningi:

- Indwangu yayo ithambile futhi iyashelela.
- Izwakala njengokwemvelo ngoba isheshe ifudumale nokushisa komzimba.
- Ikhondomu yabesifazane ayiqini nsi esithweni sowesilisa kodwa imnika imizwa njengemvelo.
- I FC2 ingafakwa amahora amathathu ngaphambi kocansi noma ngesikhathi socansi.
- I FC2 ingasetshenziswa abantu abangaphathwa kahle indwangu ye khondomu yabesilisa i latex.
- Awudingi ukubonana nodokotela ngaphambi kokusebenzisa ikhondomu yabesifazane, i FC2 ayinabungozi emzimbeni.

Ukuphepha

Njengekhondomu yabesilisa, ikhondomu yabesifazane i FC2 ivimbela ukudlulela koketshezi lomunye komunye kanye namagciwane abanga izifo zocansi. I ring yangaphandle inokuvikeleka okungeziwe ezifweni zocansi ngokumboza izitho sowesifazane ngaphandle kanye nengxenye yesitho sowesilisa. I FC2 isetshenziswa kanye kuphela.



Noa:

Ngiphethe izintambo. Akukho bungozi bokukhulelwa. Akukho bungozi bezifo zocansi. Akukho zinkinga zokukhathazeka ngesoka elingafuni ukusebenzisa ikhondomu. Ngikhetha ikhondomu yabesifazane phambili ocansini oluphephile.

Jonathan:

Emva kokubunzima kwikhondomu yabesilisa, ngiyajabula ukuthi sinentombi yami sesishitsheli kwikhondomu yabesifazane. Ucansi iuyajabuleka futhi.



Zawadi:

Kuyangijabulisa ukuthi ngisebenzisa i FC2 ngaphandle kokubona udokotela. Ngazama ukuzifaka ikhondomu okokuqala, kwabalula. Manje ngizizwa ngikhululekile ukuyisebenzisa nesoka lami.

Patrick:

Uma ngifaka ikhondomu yabesilisa, induku yami iyashesha ukuwa. Yingakho nje ngakhombisa unkosikazi wami ikhondomu yabesifazane, i FC2. Usebenzisa yona kumanje. Sobabili sijabule. Ucansi lwethu manje lumphuma phambili!



Tara:

Umndeni wami usuphelele nezingane ezintathu. Ngokusebenzisa ikhondomu yabesifazane, i FC2 angikhathazekile ngokukhulelwa futhi. Angihihluwa lutho, nginocansi olukhululekile. I FC2 izwakala njengocansi lwemvelo.